**IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni**

47/2013 Intshumayelo ngesonto 17 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 30. 9. 2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 23/24

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba osezulwini, umbuso wakho mawufike, mawande lapha kithi eNingizimu Afrika, sicela lokhu egameni lika Jesu Kristu uMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 10:9-18;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 15:28-34.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 260/265

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lweshlanu lilotshiwe kuIsaya 49:1-6, lithi: "Ngilaleni nina-ziqhingi, niqaphele nina-bantu abakude; uJehova ungibizile kwasekuzalweni, waqamba igama lami kwasezibilini zikamame. Wawenza umlomo wami njengenkemba ebukhali, wangithukusa ethunzini lesandla sakhe, wangenza umcibisholo ophucuziweyo, wangithukusa esambweni sakhe. Wathi kimi: Uyinceku yami, uIsraeli, engiyakuzidumisa kuye. Kepha ngase ngithi mina: Ngikhandlekele ize, amandla ami ngiwachithele okuyize nokungelutho; nokho ilungelo lami likaJehova, nomvuzo wami ukuNkulunkulu wami. Manje uthi uJehova owangibumba kwasekuzalweni ukuba ngibe yinceku yakhe yokubuyisela kuye uJakobe, kubuthelwe kuye noIsraeli futhi - ngidunyiswe emehlweni kaJehova, uNkulunkulu wami waba ngamandla ami yebo, uthi: Kuyinto elula ukuba ube yinceku yami ukuvusa izizwe zakwaJakobe, nokubuyisa abaseleyo bakwaIsraeli; ngalokho ngiyakukubeka ube ngukukhanya kwabezizwe, ube yinsindiso yami kuze kube semkhawulweni womhlaba." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu ake simangale ngokukholwa kwethu, sibonge uNkulunkulu imihla ngamalanga ngenxa yakho, sicele njalo kuye uMoya wakhe oNgcwele ukuba asiqinise ekukholweni okusindisayo. Lendaba enhle nethokozisayo ngoJesu Kristu, ngisho ivangeli, igijimile emhlabeni wonke, kuze kube ifike nalapha kithi, kulendawo yamaZulu, endaweni yamaXhosa, yamaPedi, nakubo aBathwa, nakubo abantu bezizwe eziningi ezihlala kulendawo yasemzasi neAfrika. Malibongwe igama leNkosi yethu uJesu Kristu ngoba isifunile nathi, ukuba nathi

silizwe ngesindiso evela ngomusa wayo kubo bonke abakholwayo yiyo, basindiswe, baphile kanye nayo iNkosi yamakhosi embusweni wayo kuze kube phakade. Nanamuhla uNkulunkulu uyabiza abantu ngezwi lakhe ngokuthi: "Niqaphele nina-bantu abakude." Cishe singagubha namuhla umkhosi weMishani, sibonge uNkulunkulu ngoba wasipha iVangeli lakhe ukuba nathi sikholwe nguye, ngisho thina esiqhamuka ezizweni ezazikude kuNkulunkulu.

Indima yaleliviki ithi: “Lokhu kuyinqobo enqobe izwe: ukukholwa kwethu.” Ngempela ngokukholwa nguNkulunkulu uMthathwemunye, sikhishiwe kuwo onke amandla amabi athanda ukusicindezela phansi, ukuba siphile ngenkululeko phambi kukaNkulunkulu onguBaba wethu osezulwini. Ngalokhukukholwa kwethu siphiwe inhlanhla enkulu, siphiwe intethelelo yezono zethu ngokusifela kukaJesu Kristu, uMsindisi wethu. Lokhukukholwa kuyasipha inqobo phezu kwezwe elithanda ukusicindezela phansi kwamandla alo. Kodwa ngoJesu Kristu sinqobile, manje singaphila enkululekweni engcwele evela kuye uMsindisi oyiNkosi yethu nMninimandla onke. Ake singesabi amanye amandla ngoba iNkosi yethu isipha inqobo ngokusinqobela izwe.

Uma sibhekisisa nePistola lanamuhla, nalo lithanda ukuphakamisa lendaba yokugijima kweVangeli emhlabeni wonke nokusindiswa okuvela ngokukholwa izwi leNkosi. “Uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uyakusindiswa.” Bathandekayo ngokukholwa siyasindiswa, ngoba ngokukholwa sethemba uJesu Kristu ukuthi unguMsindisi wabantu, wezoni. Izwi lePistola elilotshiwe encwadini kwabaseRoma liyaqhubeka lithi: “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa kuvela ngezwi likaKristu.” Nalapha kithi endaweni emzansi Afrika sizwile amazwi eNkosi esibiza ekusindisweni. Masingakhohlwa lesisimangaliso esikhulu kakhulu. Ngisanda ukufuna igama lomuntu othile encwadini yebandla endala. UNaphthali Mtetwa wabhapathizwa ngomhla ka10 November 1901 Ohlangeni. Kuyinto enkulukabi le. Okhokho bethu babiziwe nguNkulunkulu ngezwi lakhe, babhapathiziwe ukuba nabo bangene embusweni kaNkulunkulu, baphile esizweni sakhe esingcwele basindiswe, nezizukulwane zisekhona, zisakholwa. Ake sibonge uNkulunkulu ngenxa yensindiso yethu.

NaseVangelini lanamuhla sizwile ngomuntu ovela kude, oqhamuka ngaphandle kwesizwe sikaNkulunkulu esikhethekileyo ukuba afunele indodakazi usizo kuMsindisi wabantu. Ake sijabule namuhla nangezinsuku zonke ngokusindiswa kwethu. Ngokuba kade sasikude kwesizwe sikaNkulunkulu, kodwa manje singabantwana bakhe ngombhapathizo nangokukholwa nguye uMsindisi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.

Izwi lentshumayelo lilotshiwe kumprofethu u-Isaya esahlukweni samashumi amane nesishiyangalolunye. UNkulunkulu wathuma abaprofethi abaningi nezithunywa eziningi kuso isizwe

sakhe ukuba bashumayeza, babize, bakhange isizwe sikaNkulunkulu. Itestamente elidala ligcwele izibonelo zalendaba. Abaningi abaprofethi babadinwa emsebenzini wokubiza isizwe sikaNkulunkulu. No-Isaya uthi namuhla: "Kepha ngase ngithi mina: Ngikhandlekele ize, amandla ami ngiwachithele okuyize nokungelutho." Mhlawumbe abafundisi abathile bayalingwa ngalendlela ngesinye isikhathi, ngokungaboni imphumelelo yemisebenzi yabo. Mhlawumbe uSathane uyathanda uma izithunywa zikaNkulunkulu zikhathala emsebenzini wokubiza abantu kuNkulunkulu, wokusola, wokukhuza, wokududuza, wokuqinisa isizwe sikaNkulunkulu. Ngexa yalokhu uyasilinga ngokuthi konke lokhu esikwenzayo egameni leNkosi kubantu akunamphumelelo. Kodwa uNkulunkulu akafuni ukuba umsebenzi wakhe wokusindisa abantu ungefezwa. Nguye othi: "Ngokuba njengokwehla kwemvula neqhwa ezulwini, kungabuyeli khona, kepha kuwunethisa umhlaba, kuwenze ukuba uthele, uhlume, unike ohlwanyelayo inhlwanyelo nodlayo isinkwa, liyakuba-njalo izwi lami eliphuma emlonyeni wami: aliyikubuyela-ze kimi, lingakafezi lokhu engikufunayo, liphumelele kulokhu engilithumele kukho." Lelizwi liyinduduzo enkulu kakhulu kubo bonke abantu abayizinceku noma izithunywa zikaNkulunkulu. UNkulunkulu uyalipha izwi lakhe amandla nokuphumelela.

UNkulunkulu uyathuma njalonjalo abantu emsebenzini wakhe ukuba abantu baphenduke, basindiswe. Siyazi lendaba yokumema abantu edilini lakhe, kodwa ngesikhathi bazilandulela uNkulunkulu akavumanga ukuba inyama enhle ibhole noma utshwala luchithwe, wamema abanye esikhundleni salabo bokuqala, ukuba badle edilini lakhe. Uma abantu bokuqala bengafuni ukusondela kuye uMninimandla onke, uNkulunkulu uzomema abanye. Kuze kube namuhla uNkulunkulu uyathuma izinceku zakhe kubantu ukuba bashumayele izwi lakhe.

Izwi likaNkulunkulu linjengezikhali ezibukhali, liyasebenza ngempela. KumaHeberu 4 sifunda lelizwi elichasisela kahle ubukhali namandla ezwi likaNkulunkulu, lelizwi lithi: “Ngokuba izwi likaNkulunkulu liphilile, linamandla, libukhali kunezinkemba zonke eziska-nhlangothi zombili, lihlaba kuze kwahlukaniswe umphefumulo nomoya, amalungu nomkantsha, lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo.” Umprofethi u-Isaya uphethe lesisikhali. Izwi likaNkulunkulu liyisikhali sakhe sokufeza umsebenzi wakhe owawuthola kuNkulunkulu. Naye ngoqobo lwakhe uyisikhali sikaNkulunkulu, ngoba lithi izwi lanamuhla: "Wawenza umlomo wami njengenkemba ebukhali, wangithukusa ethunzini lesandla sakhe, wangenza umcibisholo ophucuziweyo, wangithukusa esambweni sakhe." Ake singakhohlwa ukuthi uNkulunkulu akamisi isu lakhe ngenxa yezinkani, noma ngenxa yobulukhuni bezinhliziyo zabantu, akamisi isu lakhe ngenxa yokungafuni ukuliqhuba kwezinceku zakhe noma yokungafuni ukulalela kwabantu bakhe, uNkulunkulu uyahambisa ivangeli lakhe emhlabeni kulapha nalapha ethanda khona.

Uma abantu abaseduze bekhathele ukulizwa izwi lakhe, ukukhonza nguNkulunkulu uzobiza abantu

abasekude. "Ngilaleleni nina-ziqhingi, niqaphele nina-bantu abakude." Ake siqaphelele lelizwi, silizwe ngezinhliziyo ezithambile, sikuzwe kahle izwi leNkosi yethu. UNkulunkulu uyabiza, uyamema, uyakhanga namuhla ukuba siphenduke, size kuye, siphile. UNkulunkulu akakhathali, akadinwa ukubiza abantu ekuphendukeni nasekusindisweni. Umbuso wakhe wanda emhlabeni, uyanda nanamuhla kulendawo yethu, lapha siphila khona. Njalo lapha izwi lakhe lishunyayelwa namasakramente abelwa khona umbuso wakhe wanda. "Ngoba ngezwi nangamasakramente kungathi ngamasu uMoya oNgcwele uyabelwa oveza ukukholwa, lapho kuthandeka khona nguNkulunkulu nanxa kuthandeka nguye."

Akekho muntu emhlabeni owaba inceku kaNklunkulu, noma isithunywa sakhe njengeNdodana yakhe uJesu Kristu waba-ngumuntu wahamba emhlabeni, eyinceku kaNkulunkulu. UNkulunkulu wazidumisa kuye, ngendlela emangalisayo esiphambanweni, yebo ngokufa nangokuvuka kukaJesu Kristu. Namuhla siyalizwa izwi lakhe lapha enkonzweni.

UNkulunkulu wabiza njalonjalo isizwe sakhe, isizwe esikhethekileyo, isizwe esingcane, isizwe esingcwele, isizwe sakwa-Israyeli. NoJesu Kristu ngesikhathi ehamba emhlabeni ngezinyawo zomuntu, wayethunyiwe ukufuna kuqala abantu besizwe sakwa-Israyeli. Sizwile lokhu namuhle ethi: “Angithunyelwanga kwabanye, kuphela ezimvini ezilahlekileyo zendlu yakwa-Israyeli.” Kodwa kulelizwi sithola nokunye okungukuthi uNkulunkulu wabiza nabanye abantu bezizwe ezinye ukuba bangene nabo embusweni wakhe. Namhlanje siyajabula thina esasikude ngempela nesizwe sakwa-Israyeli, ngoba sangeniswa nathi ngokuzwa izwi loMsindisi, sangeniswa nathi ngokuzalwa kabusha embhapathizweni, sangeniswa nathi ngokukholwa nguye uNkulunkulu oyenayena, uMthathwemunye, uBaba wethu osezulwini, noJesu Kristu iNdodana yakhe noMoya oNgcwele. Ake simemeze, sibize nabanye abantu abasekude ukuba nabo bangene, basindiswe nguJesu Kristu. UNkulunkulu uyabasondeza kithi, baningi abantu abaqamuka kude namuhla bazofuna umsebenzi lapha eNingizimu Afrika, ake singabancishi ivangeli, indaba enhle netokozisayo, indaba yensindiso, ngoJesu Kristu uMsindisi wabantu bonke. Amen.

9. **Umkhuleko:** Baba wethu osezulwini siyabonga ngoba wasithumela izinceku zakho ukuba zisitshele ngeNdodana yakho uJesu Kristu enguMsindisi wethu. Siphe uMoya wakho oNgcwele ukuba asikhuthaze ukuba nathi sidlulise izwi lakho, sibatshele nabanye abantu ukuba baphenduke baphile nabo kanye nathi embusweni wasezulwini. Siyakhuleka egameni likaJesu Kristu onguMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 79/72

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2012 ngu-P. C. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.